13-753 History and tribal affairs of the Thembu and Chunu in Msinga. — F. Vilakazi K13/21

ser. 240 (6) 1b 1/12 b

1 Amakhosi a6aThembu

UNdosi azale uGoza uMkhu6ukeli ku6e uGoza futhi wesi6ili usezala uNodada. UNodada usezala uMgano, uMa6izela noKufakwezwe Uyise kaKufakwezwe u uMa6izela.

A6aThembu 6asuka kwaZulu na6o njengazo zonke izizwe. 6a6aleka kwaZulu ngenda6a kaShaka oyena owayehlupha izizwe ezazakhelene naye. Kuthena seku6usa uNgoza 6axa6ana noShaka. Yase idumelana njalo impi. Kuthena ngokudumelana kwayo ehlulwa amaThembu asethi ukwehlulwa kwawo ase6aleka asewela uTugela ngeli ngendla izi6uko. Asakha khona amaChunu engakafiki

2 Sekuthi ukufika kwa6aThembu se6efumanisa a6antu a6afana namaBhusumani. Inkosi ya6o kuwuBhovu Bhahwa. Isithi uku6ona a6aThembu lenkosi yamaBhusumane isi6aleka ize ikhwela undi. Ithena ngokukwela uNdi isahlangana na6anye a6a6e6alekela uShaka kwaZulu. Seyakhaya na6o. Ithena ngokwaka na6o sekuthathwana sekuvela izingane izi amahafukazi. Akusaqondakali ukuthi 6antu a6anjani la6o. Kulapho ingxenye yamaHafukazi yavela khona, njengo6a amanye esegcwele kuleli laseNkunzi. (Zw (Wesselsnek.) UGoza inkosi ya6aThembu usakha umuzi wakhe khona

3 lapha oTukela. Sokuthi a6akwaDumakude a6a6aleka kwaZulu na6o se6ethi ukuwela ngeli ngenzansi izi6uko se6efuna ukwenyuka ngalo uThukela kodwa, 6ezwa kuthiwa amaThem6u asakhile kulelo se6emisa khona eQudeni kwa6a kaDlamini inkosi ya6o kuwuHatha. A6aThembu kanti 6e6ehlukene ka6ili a6anye 6engaphesheya koThukela Inkosi isi6atshena ukuthi maGawele uThukela 6akhe ngaphesheya kwalo 6onke ngo6a i6ona ingozi engavela uma kuqhamuka impi noma umfula ugcwele. Se6ethutha a6anye 6eluwela uThukela lelo 6eya ngaseNkosini na6o uGoza wakwaKunene inkosi. Usakha umuzi

4 omkhulu ngaphesheya uGoza. Usezwa uGoza ukuthi uShaka uyeza impela manjena. Uzwa nga6o a6a6aleka kwaZulu njalo. Usethi ukuzwa use6aleka ngokumesa6a uShaka, use6eka kwelaseMaphondweni (Pondoland). Usefika akasithola isikhudla yalwa naye futhi ixkx inkosi yamaPhondo. Isimehlula futhi. Sekufa a6aningi a6antu 6akhe. Induna yakhe uNyathi Kunene isimutshena uGoza

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ukuthi makuphindwe emuva futhi okungcono. Akasavumi uGoza loku. Use6ona ngo6a amaqhawe akhe esephelile wonke. Usekhonza kuyona inkosi yamaPhondo. UGoza lona wayezele izintombi ezinhle impela sekuthi inkosi yasemPhondweni isehawukela enye ezintombini
5 zakhe. Lentombi uGoza wayethanda uku6a iyogana kwaZulu ukuze athole ukukhonza kahle naye kwaZulu. Pho-ke isigana imPhondo. Selinqumela uGoza indawo enkulu yokwakha nempi yeka. Usakha uGoza, kodwa a6aningi a6ayithanda leyondawo. Use6aleka uNodada indodana kaGoza usehamba nempi eningi impela usephinda emuva oThukela. Phela uthena uma e6aleka uyise ebheka ePhondweni 6asala a6anye khona lapho eThukela oyisemkhulu. Usekhumbula 6ona yena. Nenduna isimuvuna isihlangene nonina kaNodada. Seyi6aleka e6usuku kungazi muntu. Usesala nehlanzana elincane uGoza. Nanamhla a6aThembu a6anye 6asekhona lena emPhondweni.
6 Usethi ukufika lapha oThukela uNodada useumanisa oyisemkhulu se6ekhonze emaChunwini. UPhakade use6atshene ukuthi ma6awele uThukela 6akhe konke lapho emaShinka naseDwaleni onanamhla 6asekhona a6aThembu kulezondawo. Kuthena uku6a afike uNodada usefuna ukwakha naye lapho kukhona uyisemkhulu. Sekusuka impi phakathi kwamaChunu namaThembu asehlulwa amaThembu use6aleka futhi uNodada. Useye ukhonza kwaZulu futhi. Ufika sekukhona uDingane. Kwafumaniseka ukuthi uDingane naye unolaka njengaye umfowa6o uShaka. Usehlala isikhashana uNodada. Sekuthi futhi intombi kayisemkhulu isigana emaChunwini. Asexela
7 amaChunu. Use6uya futhi manjena. Usakha ngaphesheya koThukela. UPhakade usemuxolele sexanda isizwe sa6aThembu esingaphesheya nesinganeno koThukela. Use6anqumela umncele uPhakade ese6avumela uku6a 6akhe imizi ya6o phezu koThukela 6a6e amavondwe. Kuthena kunjalo 6anda useze a6anqumele konke lapha ngasemanyiseni. Seyihlalisana kahle impela amaChunu namaThembu. Kodwa izimpina ezincane zaloku zivela njalo njena. Sekuthi ukufa kukaPhakade. AmaChunu asefuna uku6a a6aThembu ma6awelele ngaphesheya koThukela. Kodwa a6aThembu a6akuvuma loko. Sekuliwa ku6angwa loko. Kuthena kunjalo yafa inkosana kaPhakade, uGa6angaye, yafela
8 eSandlwana, ngempi yamaNgisi namaZulu. Se6ehlala futhi lapho

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

a6ase6aThenjini. Kuthena kunjalo kwasuka amantombazane alwa nawasemaChunwini namaThembu e6anga izinsizwa. Kwavela umusindo kwama6aso manjena lomuzi usemunceleni. Kwenzeka ukuthi zonke izinto nezinsizwa zazo zonke izigodi ziye kulowo msindo ngo6a kwakuganwa insizwa yenduna yamaThembu, iganwa intombi yasemaChunwini. Futhi lomuzi usemuceleni wamaChunu namaThembu. Kuthena kukusihlwa zihlangana izinsizwa nezintombi kuzo zombili izigodi zayogida. Kodwa kwafumaniseka ukuthi

9 khona phambilini 6a6esongeleni ngayo indlamu. Se6egiya njena sekukhona nokuthukuthela ndawozombili ukuthi soke si6one phela. Igoso lendlamu yasemaChunwini uFayi Ndawonde ngoku6aThembu, uMangaliso Mvelase. Sekugiywa kuze kuse kugiywa. Kwakukhona nezinye izigodi zizo6uka ukuthi yisiphi isizwe esinamandla enDlamini kumaChunu na6aThembu. Sekufumaniseka ukuthi a6aThembu 6a namandla impela amaChunu asuku maningi kakhulu awezwani kahle. Sekuthi ekuseni a6aningi a6antu 6ethusa ukuthi uMangaliso uyigagu ngokwehlula amaChunu. Sekuthi izintombi za6aThembu sezicwephesha amaChunu ukuthi amabimbi nezintombi

10 zawo. Asethukuthela amaChunu ukuzwa lak loku, ikakhulu izintombi zamaChunu zacasuka impela sekuze kuthi izintombi zamagoso zombili sezihlangana sezilwa ngo6a phela kwaku6ongwa wona amagoso lawo. Kodwa kwazisa ukuthi elase6aThenjini livunile. Zahlangana ntambama lishona emqoleni kade kuyogezwa. Manjena sekuze kuqhamuka a6afana 6ezinkomo se6e6ona ukuthi amantombazane ase6ulalene impela ekhandana ngamatsho. Se6egijima a6afana 6ezinkomo ukuzwa ukuthi amaje asemuka nomufula ngo6a phela uThukela lalugcwele impela manjena umfula ayegezela kuwona

11 uphezu koThukela kwakwehlulwa wona amantombazane amaThembu. Kwazisa ukuthi amaChunu maningi impela kuna6aThembu. Sekusuka izinsizwa ukuyo6ona ak loku. Sezithi ngoku6ona eza6aThembu ukuthi asephelile amantombazane aku6o zi6ulalelana asemaChunwini. Athena athi noma e 6aleka awasizalutho afa amashumi ama6ili sekuhwalala. A6aThembu kwasiza a6ayingcosana impela. Seyihlangana khona lapho eyamaChunu na6aThembu lapho emaShunka kwafumaniseka ukuthi amaChunu awasaphelele ezinye izinsizwa sezihambile ngoku6ona ukuthi akusekho lutho. Sekusala

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

13-753



14 AmaThembu lana ukuda6uka kwawo awakwaKunene. Ukuze x ahlukane ngezi6ongo kwa6a ngenxa yezici ezithize phakathi kwawo.

Kuthiwa yathi indodana kaNdosi ngoku6ona ukuthi uZulu uya6azonda a6akwaKunene yathi kuhle lesisi6o masiphele manjena. Kwase kufuneka ukuthi kungathi wani manjena. Kwaf Kwafumaniseka uyisemkhulu kaNdosi kuwumThembu. 6ase6ezi6iza nga6aThembu noZulu aka6athola kahle ukuthi yi6aphi la6a wa6ayeka aka6alandela uku6a6ulala. Kuthena kunjalo kwase kuvela umuvelase. Pho-ke leyo inda6a edumile. Kwathi futhi masishane kwavela
15 a6akwaMa6aso. Kwa indoda enye impi ihlasele emPhondweni izulu limakhaza inkosi yi yalayeza yathi Kunga6a ewa umlilo ngo6a impi iceliwe. Na6ala ahamba amadoda. A6oka amakhaza endodeni okuthiwa uma6aso. Manjena yaze ya6asa lendoda. Ithena uma isi6asile yathi ngoku6ona ukuthi ama6utho asayi6onile. Ya6aleka yacasha manjena. Sekuze kusho uMnumzane uBhibha Kunene uthi uphi umntanami na, uMa6aso. Se6ethi usi6alekele ngo6a sithena sim6ona wayese6asile. Usefunwa-ke usetholwa kwa6a kwaNxele esekhonzile use6uyiswa ngo6a kwakuyiqhawe
16 enjalo njena. Usethi uyise akusafanelwe uku6a kuthiwe uKunene wena usidumazile. UsungowakwaMa6aso, nomuzi wakho ngo6a weqe umuthetho yesizwe o6ekwe inkosi. Usephuma owakhe umu. Sekuthiwa kwaMa6aso njalo njena, hamba a6akwa Sitholo ukuze 6athole lesisi6ongo kwangonyaka omunye izulu la6alela impela. Akwatholakala ukudla. Indoda ethile yatshala ugwayi ensimini yayo emunyango wendlu manjena wakhula logwayi. Inkosi yawu6ona. UGoza yathi mayiwuthenge ngesithole senkomo ne6ala indoda yavuma. Ngokuvuma kwayo sesada isithole. Seyithi inkosi ukuze nawe inzalo yakhoyande usungowakwaSithole. Nempela 6aze 6anda akwaSithole.

17 Namuhlanjena a6akwaSithole 6ayisizwe m 6o. 6ake6alwa a6akwaMvelase na6akwaSithole 6e6anga umuncele wesigodi. Kwathi a6akwaMvelase 6akha iada endaweni ya6akwaSithole ngama6omu ngo6a 6eyisa la6a a6akwaSithole. Usekhuza umaShandu Sithole ukuthi yini lomuhlola owenziwa a6akwaMvelase ngo6a 6ayazi ukuthi lendawo eya6akwaSithole na. 6akhisa uVezi Mvelase. Na6akwaMvelase 6asho ukuthi indawo eya6o a6a6azi 6ona a6akwaSithole

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

alizange line neze. Namanzi aphela impela kwezinye izindawo.
Kwase kuthi inkosi kanti yayakhe phezulu kwaNta6a ndini yathutha
yayokwakha eduze noThukela. Kuthe uku6a yehle amaChunu athukuthela
ayihlasela yafa nayo ngaleyompi nezinkomo azithumba amaChunu.
Indlala ya6a6ulala impela a6aThembu 6asizwa yi6o a 6amhlophe
phakathi kwalowo nyaka kwavela nomkhuhlane omkhulu owa6ulala
uMashindi ishinga lamaChunu elali6ulala izizwe ngolaka lwalo.
22 Inkosi eyayi6usa umgano neThembu. Use6ona ukuthi uyise usefile.
UNozidayi wa6ulawa amaChunu usewuguxula umuzi wakhe eduze
noThukela. Nanamhla usakhe lapho awuguxulela khona uMgano
eziNtandaneni. Usahambisa izinkomo ezingamashumi ama6ili
usezisa kumaChunu ukuyocela uxolo nendlala kahle ne6ala amaChunu
azamukele lezonkomo. Sekuhlalwa-ke. Kuthena ukunjalo
uMgano wahlasela wona amaChunu engamulindele usayokhokha
isi6ongo sikayise uNozidayi owa6ulawa amaChunu. Kuthiwa kanti
loku izulu lalina liduma aka6anga nanda6a uMgano. Wathi
mayihambe impi naye wahamba. Kwaphuma namabhungu ngaleyo
impi izinkomo zeluswa amakhehla ayeshluleka impela ukulwa
23 Ukuwela kwayo yawela ngelingenzansi izi6uko ngasoTugela Ferry
e6usuku/. Yaqonda emanyiseni lapho yagala khona ukugwaza
namaChunu awamange asaphumelela uku6aleka ngo6a yayivimbezela
njengamaphoyisi kaphikaphu. Kuthiwa yathi ifika ezintandaneni
umuzi wenkosi yasemaChunwini, 6afumaniseka ingasekho lapho.
Uku6aleka kwayo yaya kumfowa6o ngaphesheya kweMpofane ukuyo=
mbikela lonuhlola ovelile. Umfowa6o aka6uzanga wase eyihlomisa
naye nawo amaChunu angaphesheya nanganeno ahloma wonke. Kuthena
kunjalo kwezwakala enkantolo uku uMgano use6ulele emaChunwini
uSilwane Mcunu usehlomile naye nomfowa6o uDlayisa kwezwakala
24 ngo Mr. Rottcher owakhe phakathi kwayo imizi yamaChunu.
Washaya ulingo ukuthatha kokusa. Kuthena ngokuzwakala kanti
usephinde emuva uMgano nempi yakhe ngeli ngendla izi6uko ngo=
kwesa6a ukuthi uza6onakala ekantolo uma ewela ngelingenzansi
futhi. Usewela futhi usewela nomhlambi wezinkomo zamaChunu
pho-ke a6amhlophe 6ayilamula. Kwafumaniseka ukuthi uSilwane
akezwano kahle nomfowa6o. Umfowa6o ukuhlomisa kwakhe impi
yakhe waye engaqodene nokulwa na6aThembu wayefuna uku6ulala

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 240
yena umfowa6o uSilwane. Nokwenza angam6ulali yingo6a uSilwana wathumela kuyena ukuthi naku ngifa yena uSilwane wasala nganeno
25 kweMpofane. Kwa6a kwaDumakude. Pho-ke uDlayisa wayihlomisa eqonde uku6ulala yena umfowa6o. Ngo6a phela, 6e6anga efuna naye uku6a yinkosi ngaphesheya kweMpofane. Wehluleka ukuthi uzokwenzanjani uSilwane ngo6a kwasuka induna kaDlayisa uKa6ayi Ndawonde useyo6ikela uSilwane ukuthi uDlayisa uhlangene na6aThembu u6ulala wena. Usedumela yena uSilwane ngokuzwa loko. Ngokuhlangana kwayo seyehlulwa eyaseZinda6ndane kaSilwane. Usefuna uSilwane manjena uDlayisa ukumu6ulala sekukhuza 6ona a6amuhlophe futhi ukuthi uSilwane kone lutho uyinkosi yangaphesheya kweMpofane naye uDlayisa yangaphesheya futhi
26 kwelasemaphulazini. Sewukuyekelana kwa6o lapho. Kodwa inlalo kahle ayimange i6akhona phakathi kwamaChunu naphakathi kwa6aThembu. Usethi ngokufa uDlayisa a6asavumi a6amhlophe uku6a ngaphesheya kungaphaphatha owasemaChunwini se6e6eka uShezi uMlathi igamu lakhe.

Naye-ke usehlala uMngano isingcono inhliziyo yakhe ngo6a usezi6uyisile izinkomo amaChunu azidla kuyise. Sekuthula isikhashana. AmaChunu asefuna ukuyivusa futhi lenda6a. Sekuthi lamaThembu angaphesheya koThukela ngasemaChunwini ase6ulawa amaChunu amanye asinda njalo amaningi afa. Sekuze kuthi
27 ngoku6oshwa kwala6o a6onocuku sokuthi dedelele noSilwane wadingiswa nga6o ukuhlupha kwakhe. Kuthena uku6a a6one ukuthi amaChunu asathukuthele uMgano wase ehlala ngokuwahlomisa ama6utho akhe. Use6eka nezinhloli uku6a amaChunu angamuhlaseli engazilungisele. Kuthiwa enye kuzo izinhloli zakhe uMgano yafela khona emaChunwini ngo6a 6ayi6ona ukuthi uyinhloli kaMgani. A6amhlophe 6amukhuza futhi kuloko yena uMgani ukuthi akamuse ukukwenza loko useziyekeleka izinhloli. Usehlala isikhashana usefa uMgano. Sekuthi indodana yakhe uMa6izela kwafunaniseka isencane kwathi nomfowa6o kwafunaniseka eyishinga elikhulu impela. Pho-ke kwaze kwa6ekwa induna yakhe uNdayi Mthembu uku6ambela uMa6izela.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 240

28 UNdiyi kuthiwa yena impela owaphatha kahle ngesikhati ku6usa yena. Kuthi akuzange kuliwe nakancane. (Imithetho ayimisa).

Wamisa ukuthi amadoda uma eyophuza utshwala emuzini angazi phathi izinduku ezimbili nehawu kuhle aphathe induku i6eyinye kuphela. Wakhuza futhi umukhu6a wokuphatha ubhoko olucijwe phambili. Amantombazane wawanqumela ukuthi eyemithi iyoganiswa lapho engathandi khona noma iganiswe ikhehla njena. Wathi futhi umfana owone intombazane woyithatha noma engathandi. Oweqa lowomthetho wahlawuliswa ngamashumi ama6ili izimbuzi loku kusho ukuthi izinkomo ezilishumi. Kuthiwa futhi umfana

29 angalwi nekhehla noma unina owephula lomuthetho izinkomo ezimbili. 6onke a6aThembu 6athokoza ngalemithotho eyamiswa uNdayi. Wathi izinduna kuhle ziqaphele impela lomuthetho induna enganaki lomutho inkomo. Wamisa futhi ukuthi kufuneka futhi izinduna zivame ukuvakashela komkhulu ngo6a ezinye izinduna zazisuke zikhohlwe ukuthi inkosi yazo ingakuphi zingawazi nomthetho wayo futhi. Kuthi wayevamisa ukuziqoqa nyanga zonke yinduna ukuzolungisa inda6a zezwe la6aThembu. Futhi waye eka6ize nama6utho ukuzowakhumbuza umuthetho wakhe nowezwe okufanelwe wenziwe ama6utho. Naye wayezwakashela izinduna zakhe ezithanda futhi nazo.

30 Kuthiwa amacala wayewathetha ngokukhuluma into eliqiniso. Phela amanye amakhosi nezinduna ayethetha amacala ngokuvuna a6antu izi6athandayo. Wamisa futhi umuthetho wokuthi amakhosikazi mawa6uye masishane ekuphuzeni utshwala ilanga lingakashoni. Wathi akuyeke amadoda ukuhamba namakhosikazi amanye amadoda. Wamisa futhi umuthetho wokuthi amantombazane mawenzelwe amalawu a6afana na6o 6a6e namalawu 6a6o 6odwa. Kuthiwa kuwo wonke lomuthetho eminye 6ayingcina kahle impela eminye njalo 6ayephula 6ehlawuliswa. Kuthiwa wanotha impela kakhulu ngenda6a

31 ya6anye a6a6ephula imithetho leyo. Uthena uma sekhulile uMa6izela uNdaya wala ukudeda esikhundleni sakhe. Na6antu a6aningi futhi 6avuna yena uNdayi. Kwazisa phela ukuthi wayelungile ku6ona 6esa6a ukuthi mhlaumbe lenkosi encane mahle

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

16enolaka njena ngo6a naku ikhulele emaChunwini ekha6onina.

Usehamba futhi uMa6izela eya ikha6onina exxxxxx eyo6onisisa
kahle amasu angawenza usethi ukufika kwakhe amaChunu xx
asemu6onisa. Manjena amaChunu afuna ukumuhlomisa uMa6izela
ngo6a naku a6aThembu se6ayamala uku6a a6e inkosi ya6o.
Kwasho 6ona futhi ukuthi kuhle ayokulela ekha6onina eMaChunwini
32 ngo6a 6es66a ukuthi a6aThembu ngahle 6amu6ulale lomntwana
6ehawukela isikhundla sakhe kodwa manjena 6ona futhi a6asamuvumeli
uku6a athathe isikhundla sakhe. Asehloma amaChunu ukuyomu6eka
ngenkani. AmaChunu lana ayehlangene na6anye a6aThembu uma
ehloma esethi uma esehlomile use6aleka uNdayi na6antu a6aningi
use6eka kwaZulu usekhonza khona ngo6a engafuni ukudedela
uMa6izela isikhundla sakhe. Okwenza umuNdayi ale ukusuka
esikhundleni yingo6a izinkomo zikaMa6izela waye sezidlile
ezinye usesa6a ukuthi uMa6izela lona uzomu6ulala ngaloko
n
ukudla izinkomo zakhe. Uku6a a6amuhlophe a6avumanga
uMa6izela nga6e kwasuka impela impi enkulu. Pho-ke wa6ona
uNdayi ukuthi akanakusiza lutho wa6aleka. Uthena noma
33 ecela inkosi yakwaMajozi uku6a imelekelele yala ngo6a phela
inda6a isikhwa6a mhlophe. Use6aleka-ke uNdayi nomuzi wakhe
na6antu a6aningi. Usethi uma uMa6izela ethi uyafuna ukumudumela
amulandele ngempi xx se6ekhuza a6amhlophe ukuthi uzo6e useze-
hlukanisa na6o. Akusiwo umuthetho xxx lowo ukulandela uNdayi
esezi6alekele. Ngo6a usededile esikhundleni sakho muye.
UMa6izela akalalela ukusho kwa6amuhlophe usemulandela usemufumanisa
ngaphambi kwaseQudeni ehamba eya kwaZulu. Usethi ngoku6ona
loku uNdayi na6antu 6akhe, ngo6a se6e6ancane a6anye se6efile
khona endleni ngenxa yendlala. A6anye se6ephindele emuva khona
34 oThukela akasenamandla okulwa useziphonsa phakathi esizi6eni.
Usehluleka uMa6izela use6uya nezingane. Akazi6ulalanga izingane
zikayise ngo6a phela kwaku uyise uNdayi lona useziphatha kahle
impela nasekhaya usezakela umuzi wazo wawu6iza ngokuthi
kusema6alekeni ngo6a phela uyise u6ese6aleke na6o la6antwana
nonina. A6amuhlophe se6efuna ukuxa6ana naye uMa6izela ngokwe-
phula umuthetho use6atshena ukuthi yena u6e ngokulwa noyise

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 240

34 u6emu6uyisa uku6a eze ekhaya na6antwana 6akayise. Futhi naye uyada6uka uma uNdayi azi6ulale ngenxa yake aziphonse esizi6eni. Ngempela wakhombisa ukuthi u6engafuni ukumu6ulala uyise.

35 Na6antwana 6akayise use6aphatha kahle impela. Sekuthi 6onke la6o a6asinda a6a6ehambe noyise usefuna uku6a6ulala ngo6a ethi yi6ona a6a6odukisa uyise uNdayi. Pho-ke na6o 6azihlangula ngamazwi okuthi uyena uyise owayengavumi uku6a lalela noma 6ethi kuhle axole angalwi futhi anga6aleki 6ona 6a6ephelekezela inkosi njena ngo6a isifuna ukwakha umuzi omusha kwezinye izindawo yakhela wona 6elu amaThembu. Pho-ke wa6ona nemithetho ya6a mhlophe uMa6izela use6axolela. Kodwa wa6ahlawulisa izinkomo. Use6usa kahle impela uMa6izela ezwana namaChunu a6antu a6anolaka kakhulu.

36 Usefuna ukwandisa ~~xx~~ a6antu 6akhe uMa6izela. Uselwa na6akwaMajozi. Sekufumaniseka ukuthi 6a6alekela kwa6amhlophe. Use6izwa uMa6izela khona oThukela inkosi emhlophe uselaywa uku6a angakuphindi loku akwenzile naye impela useyisola uma a6amhlophe se6embonisa. Se6emntshena ukuthi uma ephinde weqa lomuthetho 6azomususa esikhundleni 6a6eke omunye ngo6a naku uyahlupha yena. Usehlala phansi uMa6izela esenelisa yiko konke manjena. Na6aThembu 6ayathokoza uyena se6egcina imithetho emudala eya6ekwa uyena uNdayi. Use6ayikholwa yena uMa6izela. Kwathi a6antu a6akuthanda loko uku6a inkosi i6eyikholwa.

37 Manjena inkosi uMa6izela usevumela amakhosikazi akhe uku6a a6e amakholwa. Sekuvela ukuxa6ana okukhulu phakathi kwamakhosikazi enkosi namanye. A6antu 6athi kuwephuca isithunzi amakhosikazi enkosi uma ekholiwe. Se6efuna umuthi woku6ulala yona inkosi uMa6izela ngo6a usekholwise namakhosikazi akhe. 6athi wona izwe la6antu. NamaChunu aseqala ukumuzonda manjena uMa6izela ngo6a aseyikholwa. Indodana yakhe uMa6izela isimuhlaphuka isi6aleka iya khona futhi emaChunwini. Usefa masishane uyise isi6usa yona-ke. Yona yayingesilona ikholwa. Nonina

38 wa6uye wahlu6ula wa6a ibhayi. Indodana kaMa6izela

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

